

AMANDLA ANAMHLANJE

Le Mibhalo Engcwele ekhethiweyo ihlanganiselwe ukududuza
nokukhuthaza abantu ngezikhathi zokugula nasezimeni ezinzima.



IsiZulu 1959/1997 Version

Strength for Today

First digital edition 2018

Bible text: isiZulu 1959/1997 Version

© Bible Society of South Africa 1959, 1997, 2018

All rights reserved. No part of this book may, without prior written permission of the copyright holder, be reproduced or transmitted in any form or by any means, electronic, mechanical or otherwise, either through photocopying, writing, audio recording, or any other system for information storage and retrieval.

Published by the Bible Society of South Africa, P O Box 5500,
Tyger Valley 7536, Bellville

www.biblesociety.co.za

Epub-format ISBN 978-0-7982-2219-8

Mobi-format ISBN 978-0-7982-2220-4

PDF-format ISBN 978-0-7982-2221-1

AmaHubo 23:1-6 UJehova uMalusi Wethu
 AmaHubo 27:1-14 UMkhuleko woKudumisa
 AmaHubo 46:1-11 UNkulunkulu Unathi
 AmaHubo 51:1-12 UMkhuleko weNtethelelo
 AmaHubo 91:1-4 UNkulunkulu uMvikeli wethu
 AmaHubo 103:1-5 Dumisani uJehova
 AmaHubo 121:1-8 UJehova uMvikeli wethu
 AmaHubo 125:1-2 . . . UkuVikeleka kwaBantu bakaNkulunkulu
 AmaHubo 130:1-8 UMkhuleko wocela Usizo
 AmaHubo 139:7-12. ULwazi Oluphelele kanye
 noNakekelo luka Nkulunkulu
 IzAga 3:5-6 Themba kuJehova
 U-Isaya 26:3-4 Ukuthula Okuphelele
 U-Isaya 40:1-8,28-31 Amazwi anikeza Ithemba
 U-Isaya 43:1-3a Ngiyokuba Nawe
 U-Isaya 55:6-9 Umnikelo kaNkulunkulu woMusa
 NgokukaMathewu 5:3-10 Injabulo yeQiniso
 NgokukaMathewu 6:25-34 Ungakhathazeki
 NgokukaMathewu 7:7-8 Cela, Funa, Ngqongqoza
 NgokukaMathewu 8:5-8,13 Amandla OkuKholwa
 NgokukaMathewu 10:29-31 Ungesabi
 NgokukaMathewu 11:28-30 Wozani Kimina
 nithole Ukuphumula
 NgokukaMathewu 15:30-31 UJesu Uphilisa Abantu Abaningi
 NgokukaMathewu 16:24-26 Ngilandeleni
 NgokukaMarku 4:37-39 UJesu Uthulisa Isiphepho
 NgokukaLuka 4:18-22 INTshumayelo kaKristu
 NgokukaLuka 15:3-7 Imvu Yolahleko
 NgokukaLuka 17:12-19 Bongani uNkulunkulu
 NgokukaLuka 18:15-17 UJesu Ubusisa
 Abantwana Abancane
 NgokukaJohane 3:16-17 UNkulunkulu
 Walithanda Kangaka Izwe
 NgokukaJohane 4:13-14 UMthombo waManzi
 NgokukaJohane 10:11-16. UJesu unguMalusi Omuhle
 NgokukaJohane 14:1-7 UJesu uyiNdlela eya kuBaba
 NgokukaJohane 15:12-17. Ningabangani Bami

NgokukaJohane 17:3	Ukuphila Okuphakade
KwabaseRoma 5:1-5	Silungisisiwe ngokuKholwa
KwabaseRoma 8:31-39	Uthando lukaNkulunkulu
.	kuJesu Kristu
KwabaseRoma 15:4-6.	Ukubekwezela nokuKhuthazela
1 KwabaseKorinte 13:1-13	Uthando
1 KwabaseKorinte 15:54-58.	Ukunqoba
2 KwabaseKorinte 1:3-5.	UNkulunkulu Uyasisiza
2 KwabaseKorinte 4:16-18	Ukuphila ngokuKholwa
2 KwabaseKorinte 12:7-9	Amandla Ebuthakathakeni
Kwabase-Efesu 3:14-21.	Uthando lukaKristu
KwabaseFilipi 4:4-9.	UkuThula Okwedlula Ukuqonda
2 kuThimothewu 3:14-17.	IMibhalo Engcwele
KumaHeberu 13:20-21	UNkulunkulu wokuThula
1 kaPetru 1:23-25	Izwi Limi kuze kube Phakade
1 kaJohane 4:7-12	UNkulunkulu Uluthando
NgokukaMathewu 6:9-13	UMkhuleko weNkosi

UJehova uMalusi Wethu

AmaHubo 23:1-6

UJehova ungumalusi wami,
angiyikuswela.
Uyangilalisa emadlelweni aluhlaza;
uyangiyisa ngasemanzini okuphumula.
Ubuyisa umphefumulo wami;
uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe.
Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa,
angesabi okubi, ngokuba wena unami,
intonga yakho nodondolo lwakho ziyangiduduza.

Ulungisa itafula phambi kwami ebusweni bezitha zami;
ugcoba ikhanda lami ngamafutha;
indebe yami iyachichima.
Impela okuhle nomusa kuyakungilandela
imihla yonke yokuphila kwami;
ngiyakuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade.

UMkhuleko woKudumisa

AmaHubo 27:1-14

UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami;
ngizakwesaba bani na?
UJehova uyingqaba yokuphila kwami;
ngizakuba novalo ngobani na?
Ekusondeleni kwababi ukuba badle inyama yami
abamelene nami nezitha zami bayakhubeka, bawe.
Noma impi imisa ngakimi,
inhliziyoyami ayesabi;
noma ngivukelwa ngukulwa,
nokho nginethemba.

Kunye engikucele kuJehova,
ngiyakufuna khona:
ukuba ngihlale endlini kaJehova

izinsuku zonke zokuphila kwami
ukubona ubuhle bukaJehova,
ngibuke ithempeli lakhe.
Ngokuba uyangithukusa edokodweni lakhe
ngosuku lokuhlupheka,
angicashise ekusithekeni kwetende lakhe,
angiphakamisele edwaleni.
Nakalokhu ikhanda lami lizakuphakama
ngaphezu kwezitha zami ezingihaqileyo;
ngizakunikela iminikelo yokwethaba etendeni lakhe,
ngihlabelele, ngidumise uJehova ngogubhu.
Yizwa, Jehova, ngikhala ngezwi elikhulu;
yiba nomusa kimi, ungiphendule.
Kuwena othi: "Funani ubuso bami,"
inhliziyo yami ithi:
"Ubuso bakho, Jehova, ngiyabufuna."
Ungafihli ubuso bakho kimi,
ungaxoshi inceku yakho ngokuthukuthela;
wena ulusizo lwami, ungangilahli,
ungangishiyi,
Nkulunkulu wensindiso yami.
Ngokuba ubaba nomame bangishiyile,
kodwa uJehova uzakungamukela.
Ngifundise indlela yakho, Jehova,
ungihole endleleni ekhanyayo
ngenxa yezitha zami.
Unganginikeli entandweni yezitha zami;
ngokuba ofakazi bamanga bangivukele kanye nabafutha
ukudlozomela.

Yeka, uma bengingathembanga ukubona
okuhle kukaJehova ezweni labaphilayo!
Lindela uJehova, uqine,
inhliziyo yakho ime isibindi;
yebo, lindela uJehova.

UNkulunkulu Unathi

AmaHubo 46:1-11

UNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu;
ufunyaniswa elusizo impela ekuhluphekeni.
Ngakho-ke asiyikwesaba
nokuba kuguquka umhlaba,
nezintaba zidilikela ekujuleni kolwandle,
nokuba amanzi alo ehlokoma,
ekhephuza,
nezintaba zizamazama ngokukhukhumala kwalo. *Sela*

Ukhona umfula omanzi awo athokozisa umuzi kaNkulunkulu,
indlu engcwele yoPhezukonke.
UNkulunkulu uphakathi kwawo,
awuyikuzanyazanyiswa;
uNkulunkulu uyakuwusiza ngovivi lokusa.
Izizwe ziyaxokozela;
imibuso iyamazama;
uphumisela izwi lakhe,
umhlaba uncibilike.

UJehova Sebawoti unathi;
uNkulunkulu kaJakobe uyingqaba yethu. *Sela*

Wozani nibone izenzo zikaJehova,
izincithakalo azenzileyo emhlabeni.
Uphelisa ukulwa kuze kube semikhawulweni yomhlaba;
uyaphula umnsalo,
anqume umkhonto,
izingqola zempi azishise ngomlilo.
Thulani, niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu;
ngiyakuphakama phakathi kwabezizwe,
ngiphakame emhlabeni.

UJehova Sebawoti unathi;
uNkulunkulu kaJakobe uyingqaba yethu. *Sela*

UMkhuleko weNtethelelo

AmaHubo 51:1-12

Ngihawukele, Nkulunkulu,
ngokomusa wakho;
yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu.
Ngigezise ebubini bami,
ungihlanze esonweni sami.

Ngokuba ngiyazazi iziphambeko zami;
isono sami siphambi kwami njalo.
Ngonile kuwe wena wedwa,
ngakwenza okubi emehlweni akho,
ukuze uthiwe ulungile ekukhulumeni kwakho,
uchache ekwahluleleni kwakho.
Bheka, ngazalelwa ebubini,
umame wangithabatha esonweni.
Bheka, uthanda iqiniso
ngaphakathi enhliziyweni;
wongifundisa ukuhlakanipha ekujuleni kwenhliziyo.

Ngihlanze ngehisopi, ngihlambuluke;
ngigeze, ngibe mhlophe kuneqhwa.
Ngizwise intokozo nenjabulo,
ukuze ethabe amathambo owachobozileyo.
Fihla ubuso bakho ezonweni zami,
wesule zonke izenzo zami ezimbi.

Nkulunkulu, dala kimi inhliziyu ehlanzekileyo,
uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami.
Ungangilahli ebusweni bakho,
ungangemuki uMoya wakho oNgcwele.
Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yakho,
ungiphase ngomoya ovumayo.

UNkulunkulu uMvikeli wethu

AmaHubo 91:1-4

Yena owakhile ekusithekeni koPhezukonke
nohlezi emthunzini kaSomandla
uthi kuJehova: "Uyisiphephelo sami nenqaba yami
noNkulunkulu wami engimethembayo."

Ngokuba yena uyakukhipha ogibeni lomcuphi
nasobhadaneni olubhubhisayo.
Ngezimpaphe zakhe uyakukusibekela,
uphephele phansi kwamaphiko akhe;
ukuthembeka kwakhe kuyisihlangu nehawu.

Dumisani uJehova

AmaHubo 103:1-5

Mbonge uJehova, mphefumulo wami;
konke okuphakathi kwami makubonge igama
lakhe elingcwele.
Mbonge uJehova, mphefumulo wami,
ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa,
yena othethelela zonke izono zakho,
owelapha zonke izifo zakho;
okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni,
okuqhelisa ngomusa nangobubele;
osuthisa ukulangazela kwakho ngokuhle,
ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi.

UJehova uMvikeli wethu

AmaHubo 121:1-8

Ngiphakamisela amehlo ami ezintabeni;
usizo lwami luvelaphi na?
Usizo lwami luvela kuJehova
owenzile izulu nomhlaba.

Akayikuvuma ukuba unyawo lwakho lushelele;
okulondolozayo akayikozela.
Bheka, olonda u-Israyeli akozeli,
akalali.

UJehova ungumlondi wakho;
uJehova ungumthunzi wakho ngasesandleni sakho sokunene.
Ilanga aliyikukushaya emini nenyanga ebusuku.

UJehova uyakukulondoloza ebubini bonke;
uyakulonda umphefumulo wakho.
UJehova uyakulondoloza ukuphuma kwakho
nokungena kwakho
kusukela kulesi sikhathi kuze kube phakade.

UkuVikeleka kwaBantu bakaNkulunkulu

AmaHubo 125:1-2

Abamethembayo uJehova bafana nentaba yaseSiyoni
engenakunyakaziswa kepha imi phakade.
Njengalokhu izintaba zihaqa iJerusalema,
kanjalo uJehova uhaqa abantu bakhe kalokhu kuze
kube phakade.

UMkhuleko wocela Usizo

AmaHubo 130:1-8

Ngikhala kuwe Jehova
ngisotweni phansi.
Nkosi, yizwa izwi lami;
izindlebe zakho mazilalele izwi lokuncenga kwami.

Uma wena Jehova uqaphela iziphambeko,
Nkosi, ngubani ongema na?
Kepha ukuthethelela kukuwe,
ukuze wesatshwe.

Ngiyalindela uJehova,
umphefumulo wami uyalinda;
ngiyalethemba izwi lakhe.
Umphefumulo wami uyalindela iNkosi
kunabalindi belindela ukusa.

U-Israyeli makamethembe uJehova,
ngokuba umusa ukuJehova,
nokukhulula okuningi kukuye.
Uyakumhlenga u-Israyeli
eziphambekweni zakhe zonke.

ULwazi Oluphelele kanye noNakekelo luka Nkulunkulu

AmaHubo 139:7-12

Ngiyakuyaphi,
ngisuke emoyeni wakho, na?
Ngiyakubalekelaphi,
ngimuke ebusweni bakho, na?
Uma ngikhuphukela ezulwini,
wena ulapho;
uma ngendlala icansi lami endaweni yabafuleyo,
nangu wena.

Uma ngithabatha amaphiko okusa,
ngiye ngihlale emikhawulweni yolwandle,
nalapho isandla sakho siyakungihola,
esokunene sakho singibambe.

Uma bengithi: "Ubumnyama mabungehlele,
ukukhanya kube ngubusuku kimi,"
ubumnyama bebungayikuba mnyama kuwe,
ngokuba ubusuku bebuyakukhanya njengemini,
ubumnyama bufane nokukhanya.

Themba kuJehova

IzAga 3:5-6

Themba kuJehova ngayo yonke inhliziyi yakho,
ungenciki kokwakho ukuqonda.
Mazise yena ezindleleni zakho zonke,
uyakuqondisa imikhondo yakho.

Ukuthula Okuphelele

U-Isaya 26:3-4

Inhliziyi eqinileyo uyayilinda ngokuthula okupheleleyo,
ngokuba yethemba kuwe.
Thembani kuJehova kuze kube phakade,
ngokuba uJehova,
yebho, uJehova uyidwala elingunaphakade.

Amazwi anikeza Ithemba

U-Isaya 40:1-8,28-31

Duduzani, nibaduduze abantu bami,
usho uNkulunkulu wenu.
Qungani iJerusalema isibindi,
nimemeze kulo ukuthi ukulwa kwalo sekuphelile
nokuthi buhlanguliwe ububi balo,
ngokuba lamukeliswe esandleni sikaJehova
ngokuphindiweyo
ngazo zonke izono zalo.
Izwi liyamemeza lithi:
"Lungisani ehlane indlela kaJehova,
nihlelembe oqwathuleni umgwaqo
kaNkulunkulu wethu.
Zonke izigodi ziyakuphakanyiswa,
zonke izintaba namagquma kuyakwehliswa;
amagebhugebhu ayakuhlelenjwa,
nemigoxigoxi iyakuba yithafa.
Inkazimulo kaJehova iyakubonakaliswa,

yonke inyama ikubone kanyekanye,
ngokuba umlomo kaJehova ukhulumile.”

Izwi liyakhuluma lithi: “Memeza!”

Ngathi: “Ngiyakumemezani na?”

Inyama yonke ingutshani,
bonke ubuhle bayo bunjengembali yasendle.
Utshani buyabuna,
imbali iyavuthuluka,
ngokuba umoya kaJehova uyaphephetha kukho.
Impela abantu bangutshani.
Utshani buyabuna,
imbali iyavuthuluka,
kepha izwi likaNkulunkulu wethu
limi kuze kube phakade.

Awazi yini? Awuzwanga na?
UJehova unguNkulunkulu ongunaphakade;
udalile imikhawulo yomhlaba;
akapheli amandla, akakhathali,
nokuqonda kwakhe akunakuphenywa.
Nguye omupha oyethileyo amandla,
nakongenamandla uyandisa izikhwepha.
Izinsizwa ziyaphela amandla,
zikhathale,
nabasha bawa nokuwa,
kepha abamethembayo uJehova
bayathola amandla amasha,
bayakhuphuka ngamaphiko njengezinkozi,
bagijime bengakhathali,
bahambe bengapheli amandla.

Ngiyokuba Nawe

U-Isaya 43:1-3a

Kepha manje usho kanje uJehova
owakudalayo wena Jakobe,
nowakubumba wena Israyeli, uthi:
“Ungesabi ngokuba ngikuhlengile,
ngikubizile ngegama lakho;
ungowami.
Lapho udabula emanzini,
mina nginawe;
nasemifuleni, ayiyikukukhukhula;
lapho uhamba emlilweni, awuyikusha,
nelangabi aliyikukushisa.
Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho,
oNgcwele ka-Israyeli,
uMsindisi wakho.”

Umnikelo kaNkulunkulu woMusa

U-Isaya 55:6-9

Mfuneni uJehova esenokutholwa,
nimbize eseseduze.
Omubi makashiye indlela yakhe,
nomuntu owenza okubi imicabango yakhe,
abuyele kuJehova,
uyakuba nomusa kuye,
yebo, abuyele kuNkulunkulu wethu,
ngokuba uyakwenza ukuthethelela kube kukhulu.

“Ngokuba imicabango yami
ayisiyo imicabango yenu,
nezindlela zenu
azisizo izindlela zami,” usho uJehova.
“Ngokuba njengamazulu ephakeme kunomhlaba,
kanjalo izindlela zami ziphakeme kunezindlela zenu,
nemicabango yami kunemicabango yenu.”

Injabulo yeQiniso

NgokukaMathewu 5:3-10

“Babusisiwe abampofu emoyeni,
ngokuba umbuso wezulu ungowabo.
Babusisiwe abakhalayo,
ngokuba bayakududuzwa.
Babusisiwe abamnene,
ngokuba bayakudla ifa lomhlaba.
Babusisiwe abalambeke,
bomele ukulunga,
ngokuba bayakusuthiswa.
Babusisiwe abanesihawu,
ngokuba bayakuhawukelwa.
Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo,
ngokuba bayakubona uNkulunkulu.
Babusisiwe abalamulayo,
ngokuba bayakuthiwa abantwana bakaNkulunkulu.
Babusisiwe abazingelwa ngenxa yokulunga,
ngokuba umbuso wezulu ungowabo.”

Ungakhathazeki

NgokukaMathewu 6:25-34

“Ngalokho-ke ngithi kini: Ningakhathazeki ngokuphila kwenu ukuthi niyakudlani noma niyakuphuzani, nangomzimba wenu ukuthi niyakwembathani. Ukuphila akukukhulu kunokudla nomzimba kunesambatho na? Bukani izinyoni zezulu ukuthi azihlwanyeli, azivuni, azibekeleli ezinqolobaneni; nokho uYihlo wasezulwini uyazondla. Nina kanizidluli kakhulu na? Ngumuphi kini ongelekela ebudeni bakhe ingalo ibe nye ngokukhathazeka na?

“Nikhathazekelani ngesambatho na? Qaphelani iminduze yasendle ukuthi imila kanjani; kayikhandleki, kayiphothi; kepha ngithi kini: NoSolomoni ebukhazikhazini bakhe bonke wayengembathisile okomunye wayo. Uma uNkulunkulu embathisa kanjalo utshani basendle obukhona namuhla, ngomuso buphonswe eziko, akayikunembathisa kakhulu nina

eninokukholwa okuncane na? Ngakho-ke ningakhathazeki nithi: 'Siyakudlani?' noma: 'Siyakuphuzani?' noma: 'Siyakwembathani na?' Ngokuba konke lokhu abezizwe bayakufunisisa; ingani uYihlo wasezulwini uyazi ukuthi niyakudinga konke lokhu. Kodwa funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwakhe, khona konke lokhu kuyakwenezelwa nina. Ningakhathazeki ngengomuso, ngokuba ingomuso iyakukhathalela okwayo. Inkathazo yosuku yanele lona."

Cela, Funa, Ngqongqoza

NgokukaMathewu 7:7-8

"Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongqothani, khona nizakuvulelwa. Ngokuba yilowo nalowo ocelayo uyamukeliswa, nofunayo uyafumana, nongqongqothayo uzakuvulelwa."

Amandla Okukholwa

NgokukaMathewu 8:5-8,13

Kwathi esangena eKapernawume, kweza kuye induna yekhulu, yamncenga yathi: "Nkosi, umfana wami ulele endlini, ufe uhlangothi, ukhwelwe kakhulu ngubuhlungu."

Wathi kuyo: "Mina ngizakuza ngimphulukise."

Induna yekhulu yaphendula yathi: "Nkosi, angifanele ukuba ungene phansi kophahla lwami, kepha yisho izwi nje, khona umfana wami uyakusinda."

UJesu wayesethi enduneni yekhulu: "Hamba, makube kuwe njengokukholwa kwakho." Umfana wasinda ngaso leso sikhathi.

Ungesabi

NgokukaMathewu 10:29-31

"Akuthengwa yini imizwilili emibili ngendibilishi na? Kepha akuyikuwa phansi namunye kuyo ngaphandle kukaYihlo. Kodwa kini zibaliwe nezinwele zonke zekhanda lenu. Ngakho maningesabi; nina niyayidlula imizwilili eminingi."

Wozani Kimina nithole Ukuphumula

NgokukaMathewu 11:28-30

“Zanini kimi nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula.”

UJesu Uphilisa Abantu Abaningi

NgokukaMathewu 15:30-31

Kwase kusondela kuye izixuku eziningi zinezinyonga, nezimpumputhe, nezimungulu, nezilima, nabanye abaningi, zababeka ngasezinyaweni zakhe; wabaphulukisa, baze bamangala abantu bebona izimungulu zikhuluma, izilima zisindile, izinyonga zihamba, izimpumputhe zibona; bamdumisa uNkulunkulu ka-Israyeli.

Ngilandeleni

NgokukaMathewu 16:24-26

Khona uJesu wathi kubafundi bakhe: “Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe, angilandele. Ngokuba yilowo nalowo othanda ukusindisa ukuphila kwakhe uyakulahlekelwa yikho; kepha olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yami uyakukufumana. Ngokuba kuyakumsizani umuntu, uma ezuzwa izwe lonke, onakalelwe ukuphila kwakhe, na? Yingabe uyakukhiphani umuntu, kube yisihlengo sokuphila kwakhe, na?”

UJesu Uthulisa Isiphepho

NgokukaMarku 4:37-39

Kwase kuvuka isivunguvungu esikhulu somoya, amaza aphonseka phakathi emkhunjini, umkhumbi waze waqala ukugcwala. Kepha yena wayengasemuva emkhunjini elele esicamelweni; bamvusa, bathi kuye: "Mfundisi, awunaki, nakuba sibhubha, na?"

Wayesevuka, wakhuya umoya, wathi kulo ulwandle: "Thula, uthi du." Kwanqamuka umoya, kwaba khona ukuthula okukhulu.

INTshumayelo kaKristu

NgokukaLuka 4:18-22

"UMoya weNkosi uphezu kwami,
ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayeke ivangeli
kwabampofu,
ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo,
nokubona kwabayizimpuputhe,
nokuhlenga abacindezelweyo,
nokumemezela umnyaka omuhle weNkosi."

Wayigoqonga incwadi, wayinika isikhonzi, wahlala; amehlo abo bonke ababesinagogeni amgqolozela. Waqala ukukhuluma kubo, ethi: "Namhlanje ugcwalisekile lo mbhalo ezindlebeni zenu."

Bonke bamfakazela bemangala ngamazwi omusa aphuma emlonyeni wakhe, bathi: "Lo akasiyo indodana kaJosefa na?"

Imvu Yolahleko

NgokukaLuka 15:3-7

Wayesebalandisa lo mfanekiso, ethi: "Ngumuphi umuntu kini onezimvu eziyikhulu, alahlekelwe ngenye kuzo, angazishiyi ezingamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ehlane, aye kwelahlekileyo, aze ayithole, na? Athi eseyitholile,

ayetshathe ethokoza. Esefike ekhaya ameme abahlobo nabakhelwane, athi kubo: 'Thokozani nami, ngokuba ngiyitholile imvu yami ebilahlekile.' Ngithi kini: Kanjalo kuyakuba khona ukuthokoza ezulwini ngesoni sisinye esiphendukayo, kunabalungileyo abangamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye abangasweli ukuphenduka."

Bongani uNkulunkulu

NgokukaLuka 17:12-19

Esangena emzaneni othile, kwahlangana naye amadoda ayishumi anochoko, amela kude, aphakamisa izwi, athi: "Jesu Nkosi, sihawukele!"

Kuthe ewabona, wathi kuwo: "Hambani, niyoziveza kubapristi." Kwathi esahamba, ahlanjululwa.

Enye yawo isibona ukuthi iphulukisiwe, yabuya imdumisa uNkulunkulu ngezwi elikhulu, yawa ngobuso ngasezinyaweni zakhe imbonga; yayingumSamariya.

Kepha uJesu waphendula wathi: "Akuhlanjululwanga abayishumi na? Baphi, pho, abayisishiyagalolunye na? Abafunyaniswanga yini ababuyela ukumnika uNkulunkulu udumo, kuphela lona wezizwe na?" Wayesethi kuye: "Sukuma uhambe; ukukholwa kwakho kukusindisile."

UJesu Ubusisa Abantwana Abancane

NgokukaLuka 18:15-17

Baletha kuye nabantwanyana ukuba abaphathe; kepha abafundi bekubona babakhuza. Kodwa uJesu wababizela kuye, wathi: "Vumelani abantwana beze kimi, ningabengqabeli, ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo. Ngqiqinisile ngithi kini: Yilowo nalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana kasoze angena kuwo."

UNkulunkulu Walithanda Kangaka Izwe

NgokukaJohane 3:16-17

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade. Ngokuba uNkulunkulu kayithumelanga iNdodana ezweni ukuba yahlulele izwe, kodwa ukuba izwe lisindiswe ngayo.”

UMthombo waManzi

NgokukaJohane 4:13-14

Waphendula uJesu, wathi kuye: “Yilowo nalowo ophuza lawa manzi uyakubuye ome; kepha lowo oyakuphuza amanzi engiyakumnika wona kasayikoma naphakade; kepha amanzi engiyakumnika wona, phakathi kwakhe ayakuba ngumthombo wamanzi aphuphumayo, kube ngukuphila okuphakade.”

UJesu unguMalusi Omuhle

NgokukaJohane 10:11-16

“Ngingumalusi omuhle. Umalusi omuhle udela ukuphila kwakhe ngenxa yezimvu. Okhokhelwayo engesiye umalusi, izimvu zingesizo ezakhe, ebona impisi iza, ushiya izimvu, abaleke – impisi izibhozomele, izihlakaze –ngokuba engokhokhelwayo, engazinakekeli izimvu.

“Mina ngingumalusi omuhle; ngiyazazi ezami, nezami ziyangazi, njengalokhu uBaba uyangazi, nami ngiyamazi uBaba; ngidela ukuphila kwami ngenxa yezimvu. Nezinye izimvu nginazo ezingesizo ezalesi sibaya; nalezo ngimelwe ukuziletha; ziyakuzwa izwi lami, kube mhlambi munye nomalusi munye.”

UJesu uyiNdlela eya kuBaba

NgokukaJohane 14:1-7

“Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nayimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo. Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe khona nani. Nalapho ngiya khona niyayazi indlela.”

UTomase wathi kuye: “Nkosi, asazi lapho uya khona; siyazi kanjani indlela na?”

UJesu wathi kuye: “Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami. Uma beningazi mina, beniyakumazi noBaba; kusukela manje niyamazi, nimbonile.”

Ningabangani Bami

NgokukaJohane 15:12-17

“Yilo umyalo wami wokuba nithandane, njengalokhu nginithandile. Akakho onothando olukhulu kunalolo lokuba adele ukuphila kwakhe ngenxa yabahlobo bakhe. Ningabahlobo bami, uma nenza lokhu enginiyala ngakho. Angisasho ukuthi niyizinceku, ngokuba inceku ayikwazi ukuthi inkosi yayo yenzani, kepha ngithe ningabahlobo nina, ngokuba konke engikuzwile kuBaba nginazisile khona. Aningikhethanga nina, kodwa mina nginikhethile nina, nganibeka ukuba niphume, nithele izithelo, nezithelo zenu zihlale ukuba noma yini eniyakukucela kuBaba egameni lami aninike khona. Nginiyala ngalezo zinto, ukuze nithandane.”

Ukuphila Okuphakade

NgokukaJohane 17:3

“Ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.”

Silungisisiwe ngokuKholwa

KwabaseRoma 5:1-5

Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa, sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu, okungaye sinokungena ngokukholwa kulo musa esimi kuwo, siyazibonga ekwethembeni inkazimulo kaNkulunkulu. Kepha akusikho lokho kuphela, kodwa sizibonga nangezinhlupheko ngokwazi ukuthi ukuhlupheka kuveza ukukhuthazela, ukukhuthazela kuveza ukuqiniseka, ukuqiniseka kuveza ithemba; ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele esimuphiweyo.

Uthando lukaNkulunkulu kuJesu Kristu

KwabaseRoma 8:31-39

Sesiyakuthini ngalokho na? Uma uNkulunkulu emi ngakithi, ngubani ongamelana nathi na? Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani ukuba angasiphi konke kanye nayo na? Ngubani ozakumangalela abakhethiweyo bakaNkulunkulu na? UNkulunkulu ungolungisisayo; ngubani olahlayo na? UKristu Jesu owafayo, yebo impela, owavuswa kwabafeyo, ongakwesokunene sikaNkulunkulu, nguyena osinxuselayo. Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma ukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhamba ze, noma ingozi, noma inkemba, na? Kulotshiwe ukuthi:

“Ngenxa yakho sibulawa usuku lonke,
sithiwa izimvu zokuhlatsywa.”

Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo. Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu iNkosi yethu.

Ukubekwezela nokuKhuthazela

KwabaseRoma 15:4-6

Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekwezela nangenduduzo yemibhalo sibe nethemba.

Kepha uNkulunkulu wokubekwezela nowenduduzo makaniphe nibe nokuqonda kunye phakathi kwenu ngokukaKristu Jesu, ukuze nganhliziyonye nidumise ngamlomo munye uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu.

Uthando

1 KwabaseKorinte 13:1-13

Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezezingelosi, kepha ngingenalo uthando, ngiyithusi elikhencezayo nensimbi encencethayo. Noma nginokuprofetha, ngiqonda izimfihlakalo zonke nokwazi konke, noma nginokukholwa konke ngangokuba ngingagudluzela izintaba, kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Noma ngabela abampofu konke enginakho, noma nginikela umzimba wami ukuba ushiswe, kepha ngingenalo uthando, akungisizi ngalutho.

Uthando luyabekwezela, uthando lumnene, alunamhawu, uthando aluzigabisi, aluzikhukhumezi; aluziphathi ngokungafanele, aluzifuneli okwalo, alucunuki, alunagqubu; aluthokozi ngokungalungile, kepha luthokozela iqiniso; lubekezelela izinto zonke, lukholwa yizinto zonke, luthemba izinto zonke, lukhuthazelela izinto zonke.

Uthando alusoze lwaphela; kepha nokuba kukhona ukuprofetha, kuyakukhawuka; nokuba kuyizilimi, ziyakunqamuka; nokuba kungukwazi, kuyakukhawuka. Ngokuba sazi inxenye, siprofetha inxenye. Kepha nxa sekufikile okupheleleyo, lokho okuyinxenye kuyakukhawuka. Lapho ngisengumntwana, ngakhulumisa okomntwana, ngaqondisa okomntwana, ngazindlisa okomntwana; kuthe sengiyindoda, ngayeka okobuntwana. Ngokuba manje sibona esibukweni kalufifi; kepha lapho sobukana ubuso nobuso; manje ngazi inxenye, kepha lapho, ngiyakwazi

ngokuphelele, njengokuba kade ngaziwa ngokuphelele. Manje-ke kumi ukukholwa, nokwethemba, nothando, lokho kokuthathu; kepha okukhulu kulokho luthando.

Ukungqoba

1 KwabaseKorinte 15:54-58

Kepha nxa lokhu okubolayo sekwembethe ukungaboli, nalokhu okufayo sekwembethe ukungafi, kuzakugcwaliseka izwi elilotshiweyo lokuthi: "Ukufa kugingiwe kwaba ngukungqoba."

"Kufa, kuphi ukungqoba kwakho na?
Kufa, luphi udosi lwakho na?"

Udosi lokufa yisono; amandla esono ngumthetho. Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukungqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.

Ngakho-ke, bazalwane bami abathandekayo, yibani ngabagxilile, abangaxegiyo, abavame njalo emsebenzini weNkosi, nazi ukuthi ukusebenza kwenu akusilo ize eNkosini.

UNkulunkulu Uyasisiza

2 KwabaseKorinte 1:3-5

Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, uYise wobubele, uNkulunkulu wenduduzo yonke, osiduduzo osizini lwethu lonke, ukuze nathi sibe namandla okududuzo abasosizini, nolunjani, ngenduduzo esiduduzwa ngayo nathi nguNkulunkulu. Ngokuba njengalokho izinhlupeko zikaKristu zivamile kithi, kanjalo nokududuzeka kwethu kuvamile ngoKristu.

Ukuphila ngokuKholwa

2 KwabaseKorinte 4:16-18

Ngakho asidangali, kodwa noma kubhubha umuntu wethu wangaphandle, owangaphakathi wenziwa musha imihla

ngemihla. Ngokuba usizi lwethu olululana olungolomzuzwana luyasisebenzela isilinganiso esikhulu kakhulu senkazimulo emiyo phakade, thina esingabheki okubonwayo kodwa okungabonwayo; ngokuba okubonwayo kungokwesikhashana, kepha okungabonwayo kungokwaphakade.

Amandla Ebuthakathakeni

2 KwabaseKorinte 12:7-9

Ngalokho ukuze ngingaziphakamisi kakhulu ngobukhulu bezambulo, nganikwa iva enyameni, ingelosi kaSathane, ukuba ingimukule, ukuze ngingaziphakamisi kakhulu. Ngayoke nganxusa iNkosi kathathu ukuba isuke kimi. Yathi kimi: "Umusa wami ukwanele; ngokuba amandla ami apheleliswa ebuthakathakeni." Ngakho kunalokho ngijabulela ukuzibonga ngobuthakathaka bami, ukuze amandla kaKristu ahlale phezu kwami.

Uthando lukaKristu

Kwabase-Efesu 3:14-21

Ngenxa yalokho ngiguqa ngamadolo ami kuYise, eyethiwa ngaye imindeni yonke ezulwini nasemhlabeni, ukuba ngokwengcebo yenkazimulo yakhe aninike ukuqiniseka emandleni ngoMoya wakhe kumuntu ongaphakathi; uKristu ahlale ezinhliziyweni zenu ngokukholwa, ukuze nigxile, nisekelwe othandweni, nibe namandla okuqonda kanye nabangcwele bonke okungububanzi, nobude, nokuphakama, nokujula, nokulwazi uthando lukaKristu oludlula ukwazi konke, ukuze nigcwaliswe kube ngukugcwala konke kukaNkulunkulu.

Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen.

UkuThula Okwedlula Ukuqonda

KwabaseFilipi 4:4-9

Thokozani eNkosini njalonjalo; ngiyaphinda ngithi: Thokozani! Ukubekezela kwenu akwaziwe ngabantu bonke; iNkosi iseduze. Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga. Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke kuyakulondoloza izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu.

Elokugcina, bazalwane, konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumhlophe, konke okuthandekayo, konke okutusekayo, noma kukhona okuhle, noma kukhona okubongekayo, zindlani ngalokho; enakufunda, nakwamukela, nakuzwa, nakubona kimi, kwenzeni lokho; khona uNkulunkulu wokuthula uyakuba nani.

IMibhalo Engcwele

2 kuThimothewu 3:14-17

Kepha wena yima kulokho okufundile nowaqiniseka kukho, wazi ukuthi ukufunde kobani, nokuthi kusukela ebuntwaneni wazi imibhalo engcwele enamandla okukuhlakaniphisa, kube yinsindiso ngokukholwa kuKristu Jesu. Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle.

UNkulunkulu wokuThula

KumaHeberu 13:20-21

Kepha uNkulunkulu wokuthula owakhuphula kwabafileyo umalusi omkhulu wezimvu ngegazi lesivumelwano esimiyu njalo, iNkosi yethu uJesu, makaniphelelise kukho konke okuhle, ukuze nenze intando yakhe, esebenza phakathi kwethu khona lokho okuthokozisayo emehlweni akhe ngoJesu Kristu; makube kuye inkazimulo kuze kube phakade naphakade. Amen.

Izwi Limi kuze kube Phakade

1 kaPetru 1:23-25

Senizelwe kabusha kungengambewu ephelayo kodwa ngengapheliyo, ngezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu, ngokuba,

“Yonke inyama injengotshani,
nobukhosi bayo bonke bunjengembali yotshani;
utshani buyabuna,
nembali iyavuthuluka,
kepha izwi leNkosi limi kuze kube phakade.”

Yilo leli zwi levangeli elashunyayelwa kinina.

UNkulunkulu Uluthando

1 kaJohane 4:7-12

Bathandekayo, masithandane, ngokuba uthando luvela kuNkulunkulu, nabo bonke abathandayo bazelwe nguNkulunkulu, bayamazi uNkulunkulu. Ongathandiyo akamazi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando. Uthando lukaNkulunkulu lwabonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni iNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo. Uthando lukulokhu, kungesikho ukuthi thina samthanda uNkulunkulu, kepha ukuthi yena wasithanda thina, wathuma iNdodana yakhe ibe yinhlawulo ngezono zethu. Bathandekayo, uma uNkulunkulu wasithanda kanjalo, nathi simelwe ukuthandana. UNkulunkulu akazange abonwe muntu; uma sithandana, uNkulunkulu uhlala kithi, nothando lwakhe luphelele kithi.

UMkhuleko weNkosi

NgokukaMathewu 6:9-13

Ngakho-ke anokhuleka kanje, nithi:

“ `Baba wethu osezulwini,
malingcweliswe igama lakho;
mawufike umbuso wakho;
mayenziwe intando yakho emhlabeni njengasezulwini;
usiphe namuhla isinkwa sethu
semihla ngemihla;
usithethelele amacala ethu,
njengalokhu nathi sibathethelela
abanecala kithi;
ungasingenisi ekulingweni,
kodwa usikhulule kokubi;
ngokuba umbuso ungowakho,
namandla, nenkazimulo,
kuze kube phakade. Amen.’ ”



Ishicilelwe yasatshaliswa yi-Bible Society of South Africa.

www.biblesociety.co.za



BibleSA.co.za

BibleSA

Bibles and audio Bibles are
available on the **BibleSA app**.